# Abangane kunoma yisiphi isimo sezulu!



**Mandisa Twala**

UNomi, uBheki, uSasha noZola bahlala edolobheni.

Bangabangane.

Lina, libalele, kunomoya, kunamafu, badlala ndawonye.



Kusehlobo, ilanga liyashisa.

Abangane babo bazodlala engadini kubo kaNomi.

UNomi noBheki bayabhukuda. USasha noZola badlala ibhola.

Labangane badlala kahle!

Umama kaNomi ubanikeza u-ayisikhilimu namakhabe.

Bayadla bayazitika!





Kupholile, kunomoya.

Manje abangane babo bafikile ukuzodlala engadini kubo kaBheki.

Bashanela amaqabunga. USasha uqhuba ibhala.

Abangane badlala kahle!

Ugogo kaBheki ubanikeza obhanana namagilebhisi.

Bayadla bayazitika!





Kusebusika, kumakhaza.

Abangane babo sebezodlala endlini kubo kaZola.

UZola noNomi badlala ishesi. UBheki noSasha badlala umacashelana.

Badlala kamnandi!

Ubaba kaZola ubapha ukudla. Ubanikeza isobho elishisayo namasemishi.

Bayadla bayazitika!





Kunamafu esibhakabhakeni, kepha kufudumele.

Abangane babo sebezodlala epaki eliseduze nekhaya likaSasha.

Abangane badlala ibhola lezinyawo, uZola uyijaji.

Badlala kahle ndawonye!

Ubabekazi kaSasha ubanikeza amabhodlela esiphuzo namabhisikidi kashokoledi.

Bayadla bayazitika!





Nanoma kusiphi isimo sezulu, ukudlala ndawonye kuyajabulisa!